**USARS UYASEMUKELA ISINQUMO ECALENI ELIYINGQOPHAMLANDO ELIBHEKENE NE-SASFIN BANK LIMITED**

**Tshwane, 7 kuLwezi 2025 –** uPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) lukhiphe amasamanisi ka-R5.3 billion egameni le-Sasfin Bank Limited (i-Sasfin Bank) eNkantolo Ephakeme eGauteng, ePitoli mhla zingama-22 kuZibandlela 2023. Isicelokukhokhelwa simaleyana nezinsolo zesenzo esingesihle sendlela yokuziphatha okwenziwe yi-Sasfin ngokusiza abakhokhintela ukuba bakhiphe imali ezweni ngokungemthetho. I-Sasfin ikuqaphele lokhu kuphikisa ngokomthetho kumininingwane yakwaSARS esicelweni esenziwa kuNdasa 2024. Udaba lwaxoxwa enkantolo mhla ziyi-9 kuMfumfu 2025. USARS uyasemukela isinqumo esikhishwe mhla zi-3 kuLwezi-2025.

Inkantolo ivumelene nalokhu kuphikiswa kwe-Sasfin kwezinye izinto yase iyasichitha kwamanye. Ukuphikisa kuvunyelwe kakhulu ngenxa yokuthi inkantolo ithe uhlakakusebenza lwemithetho (kubandakanya noMthetho weBhange, iFICA, kanye neMithethonqubo Elawula Ukushintshana) ayenzi ukuba umthetho ozimele okweletwa kwaSARS noma abanye abakweletwayo. Lesi sinqumo sibheka ngasohlangothini lokuchazwa komthetho kunokubheka ukungeneli. Njengengxenye yesicelokukhokhelwa uSARS ufuna ukuba kubhekwe umthetho omdala womthwalo ngokomthetho: okuyilona, umthwalo kubantu abangagunyaziwe ukuba bangabangelu uSARS ulinyazwe ukuxhumanisa ngqo noma okungaqondile ekutholakaleni kwezimali ezibuyayo ezitheliswayo ezingadaluliwe.

Lokhu kuphikiswa kwachithwa kubhekwa imbangela kanjalo nokuphikiswa kwesicelokukhokhelwa esingesiye. USARS ukuthatha lokhu njengenqubekela phambili enkulu njengoba inkantolo iqinisekisile ukuthi uSARS unelungelo ngokomthetho lokwenza okuthile ngaphansi kwesigaba 278 soMthetho Wokulawulwa Komkhakha Wezimali (i-FSRA) ngenxa yokulahlekelwa ngokuphulwa kwemithetho yomkhakha wezimali. Lokhu kuchithwa kokuphikisa kwe-Sasfin Bank esicelweni sezomthetho esenziwe nguSARS, kuqinisekisa ukuthi lesi esinye isicelo sikaSARS ngaphansi kwe-FSRA sibekwe kahle kanti singase sidlulele ekutheni kube udaba oluqulwayo. Isinqumo siqinisekisa isixazululo sezomthetho esicacile sokulandelela ulahleko olubangelwa ukwephulwa kwemithetho yomkhakha wezimali amabhange nezinye izikhungo.

Lesi sixazululo sezomthetho singukunqoba kukaSARS kanti, okusemqoka kakhulu, emphakathini waseNingizimu Afrika, njengoba siqinisa izindlela ezikhona zokuba izikhungo zezimali ziphendule lapho kube nokugeleza kwezimali okungemthetho. “Ngilokhu ngikhumbuza izikhungo zezimali ukuba ziyeke ukuthobela ngokungaphelele lapho zibika ngamathransekushini asolekayo Esikhungweni Solwazi Kwezezimali i*Financial Intelligence Centre*” kusho uKhomishana Kieswetter, “nokulawla ubungcuphe obungabangelwa yilawo mathransekushini angabe esoleka”. USARS uzobheka izinketho anazo kwangakwenza, kubandakanya nokuchibiyela ukuvuma kwawo njengokuvunyelwa yiNkantolo, noma ufake isicelo sokuludlulisa lolu daba

lwesinqumo kuye eNkantolo Ephakeme Yokudluliswa Kwamacala. Isinqumo siqokomisa ukuzimisela kukaSARS endleleni owenza ngayo lokhu okungumthwalo wawo wokuvikela isikhwama sikahulumeni waseNingizimu Afrika kanye nomphakathi wonkana.

USARS usithatha njengesinyethelo esisemqoka lesi sinyathelo ekucaciseni ukuthi umi kuphi umthetho mayelana nezibophezelo zezikhungo zezezimali kanye nezixazululo ezikhona uSARS angazisebenzisa.

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane ne SARSMedia@sars.gov.za

IYAPHELA